AS1989_6_12_11

**ISITATIMENDE ESIKHISHELWE AMAPHEPHANDABA**

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU NONGUMENGAMELI WENKATHA.

ONDINI 10 DISEMBA 1989

Ngiyaphoqeka ukuba ngiphendule kulokho okubikwa ukuthi bekwenziwa nobekushiwo nguMntwana Omkhulu, uMntwana uMcwayizeni, emaphephandabeni aseNgilandi nawaseNingizimu ne-Afrika. UnguMntwana Omkhulu emndenini waseNdlunkulu futhi wake wabayiBamba ngaphambi kokuba iNgonyama uZwelithini athathe isikhundla sakhe. Ngaleyondlela uMntwana Omkhulu kufanele eme eduze kweNgonyama yakhe ngokuba ngaphezulu kombusazwe wamaQembu . Kepha manje usehudelelwe kwezombusazwe ngakho impendulo yami manje kayiyona impendulo eqondiswe kuMntwana Omkhulu uqobo lwakhe, ngoba iyimpendulo eqondene nalezizenzo eziqhubekayo ezingafezi lutho ngaphandle kokulimaza ubunye babantu abaMnyama ezenziwa yilabo abafuna ukuhlasela mina, iNkatha kanye noHulumeni waKwaZulu ngokusebenzisa iNgonyama noMndeni waseNdlunkulu.

UMntwana Omkhulu usejoyine i-CONTRALESA esungulwe njengesikhali sokuqhekeza phakathi umuntu oMnyama nokuhlwanyela imbewu yokungezwani phakathi kwaMakhosi aKwaZulu neNkatha, nami kanye neSilo sikaZulu. UMntwna Omkhulu usebonakala ezigcawini ze-ANC ngenhloso yokusabalalisa kabanzi ukunginyukubeza kwakhe nokunyukubeza yonke into asesebenzelane nayo sonke lesisikhathi eside kangaka. Laphaya phesheya uhambisana noDokotela Sibusiso Bengu okwenza umsebenzi wakhe osemqoka ukuqhuba uhlobo lokuhlanekezela izinto ngeNkatha nekhono elenza ngisho nezitha zeNkatha ziconse amathe njengxa yekhono lakhe ekuphendukezeleni izinto. ELandani uMntwana Omkhulu uhambisana nabantu abafana noMnu. Nobleman Nxumalo obuye aziwe ngelika-Mzala osesakaze

amalumbo......./2

amalumbo anonya nesihluku esesabekayo ebhukwini lakhe eline= sihloko esithi "GATSHA BUTHELEZI : Chief With a Double Agenda" (GATSHA BUTHELEZI : INkosi Enezinhlelo Ezimbili - Olusobala nolufihlekileyo)

Impendulo yami kayiyona ngempela impendulo ebhekiswe kuMntwana Omkhulu ngoba yena ngokwakhe akakaze abaluleke kwezombusazwe. Ubalulekile yena, yebo, eMndenini waseNdlunkulu; ubalulekile yena, yebo eSizweni saKwaZulu ngalesosikhundla sakhe, kepha unesisindo sophaphe uqobo lwalo engqikithini yombusazwe okuyiwona ofanele ukulondoloza isithunzi seSilo njengoba kwenza iNkatha.

Indaba ekhishwe yiphephandaba i-The Guardian ngomhlaka-27 kuNovemba 1989 ngaphansi kwesihloko esithi: "UMntwana waKwaZulu uphonsela uButhelezi inselelo" iyindaba eyangishaqisa kakhulu ngesibindi ephendukezela ngaso umbusazwe wabantu aba= Mnyama neqhaza elibanjwe nguMntwana Omkhulu kuwo.

Okungishaqisayo mina uqobo lwami yikuthi lendaba isekeleke engxoxweni iphephandaba elaba nayo noMntwana Omkhulu, uMntwana uMcwayizeni lapho engihlasela khona mina isiqu sami. Kuya= ngimangaza lokhu ngoba unembeza wami umsulwa futhi ngokwami mina kabukaze bubekhona ubutha phakathi kwethu sobabili.

Angikaze nani ngixabane noMntwana Omkhulu futhi kakukaze kungifikele nangokombusazwe ukuthi angase afune ukungiphosela inselelo. UMntwana Omkhulu akakaze abe nesisindo kwezombusazwe futhi akakaze abe yingozi okungathiwa ilengela noma ngubani ngokombusazwe. Kangikaze ngibe sesimeni sokubhekana naye njengesitha sami sesombusazwe.

Ngakho ngiyamangala nxa i-Guardian ibhala ukuthi uMntwana Omkhulu, "Usezamazamise ukwemukeleka osekunesikhathi eside kwamandla esabelo ( Bantustan) ngokufulathela uMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho, okuyisinyathelo esiyinselelo eqondene ngqo neNkosi yakhe ehlala isezimpikiswaneni,

LesiSitatimende sisekeleke ekuphendukezelweni kwezinto ngokupheleleyo. Sekuneminyaka uMntwana Omkhulu ubehlala esihlalweni sakhe eMkhandlwini WaKwaZulu Oshayumthetho futhi engakaze aphambane nanoma yini eyenzeka kuwo, engaphambani futhi nokuzimbandakanye kwakhe nawo. Akazange awushiye uMkhandlu WaKwaZulu Oshayumthetho ngenxa yokuxabana okwakuphakathi kwakhe nami nanoma ngubani omunye. Akazange awushiye uMkhandlu ngoba ekhononda ngokwemukeleka kwawo ngokomthetho.

Singishaqisa ngempela isithombe esakhiwa nguMntwana Omkhulu sokuzibeka njengomuntu ophikisanayo nami. Eqinisweni selokhu kwathi nhlo ngimphatha ngobuhlobo obukhulu. Selokhu kwathi nhlo ngiyamxusela uMntwana Omkhulu lapho kusuke kukhona ubunzima phakathi kwakhe neSilo. Nganxusa, ngabeka izizathu ngenza nakho konke okusemandleni ami ukuhlanganisa iNdlunkulu noMntwana Omkhulu ukuze kukhulunywe ngobunzima obabukhona. Akazange awushiye uMkhandlu ngenxa yokuxabana nami. Waphuma eMkhandlwini ngenxa yokungezwani neSilo okuyisona ayesimele eMkhandlwini.

Kasikho isizathu engisaziyo sokuba uMntwana Omkhulu afune ukungihlasela. Lunye kuphela udaba engingalucabanga olubonakala kungayilo oluqopha ukuqalisa ukuqhelelana phakathi kwethu. Kuzokhumbuleka ukuthi kwasungulwa isikhwama sabafelokazi nokuthi iNgwenyama uSobhuza II wathumela imali eqondene ngqo nabafelokazi beNgonyama ukuze abafelokazi boMndeni waseNdlunkulu kube yibo abasizakalayo ngalesosikhwama. UMntwana Omkhulu wazama ukungifaka umoya wokuba ngihlanganyele naye ekufakeni lemali esikhwameni sezindleko ezingxubevange (General Purpose Fund) okuyinto engenqabayo ukuyenza. Kunokwenzeka ukuba lokhu yikhona okuyingqikithi nesisusa sokuqhelelana nami. asekukhombisa manje uMntwana Omkhulu. Kepha sabuye sathelelana amanzi ngemuva kwalokho. NawoNdlu=nkulu abangabafelokazi beSilo u-Cyprian Bhekuzulu nabo bathelelana amanzi noMntwana Omkhulu. Ngakho ngiyakubala

lokhu njengento okunokwenza ukuba yisona sizathu.

Ngeshwa elikhulu kuyinto ejwayelekileyo ukuba unembeza ozizwa unecala ubonakale ngezenzo zokuhlasela futhi kuyinto ejwayelekileyo ukuba ihlazo liqholoshe njengento ehloniphekileyo. Kunokwenzeka ukuba leligqubu uMntwana Omkhulu asekhombisa ukuba nalo nami lisukela ekwenqabeni kwami ukufaka imali lapho kungafanele khona, noma kunokwenzeka ukuba kungenxa yokuba uMntwana Omkhulu azi ukuba kakufanele aphikisane neNgonyama yakhe.

Loluhlobo lwegqubu uMntwana Omkhulu aseliqhuba manje liyinto elungiswe ngokucophelela okukhulu njengengxenye yamasu ombusazwe okulwa neNkatha. Wayekhona laphaya esigcawini lapho ayeshayelwa khona ihlombe emhlanganweni wase-Soccer City Stadium kanti ne-Guardian ithi ngoMntwana Omkhulu: "Wemukelwa ngesasasa elikhulu ngabantu ababesemhlanganweni ngenkathi ehlasela iNkosi uButhelezi ngesihluku esikhulu, exwayisa ngokuthi iNdlunkulu yaKwaZulu ngeke isayihlonipha imithetho ephoqelelwa phezulu kwayo nguHulumeni waKwaZulu."

I-The Guardian iphawula ukuthi ngasekuqaleni kwalonyaka uMntwana Omkhulu wajoyina i-CONTRALESA. I-The Guardian imchaza "njengelunga eliphezulu kunawowonke le-CONTRALESA ngokulandelana kwezikhundla zaseNdlunkulu zokudabuka e-Afrika.". I-The Guardian ithi "ubulunga boMntwana Omkhulu bunikeza lenhlangano eneminyaka emibili yasungulwa ukwemukeleka okusha ngokomthetho emiphakathi yasemadolobheni neyokudabuka - okuyimiphakathi evamise ukuba ngeyasemakhaya esabambelele ezindleleni zakudala."

Kungiphula umoya kakhulu lokhu okushiwo nguMntwana Omkhulu. Ukhuluma ngendlela yokuba i-The Guardian ithi: "Ukungqubuzana phakathi koMntwana neNkosi uButhelezi kuyedlula ebutheni osebunesikhathi eside obaqalisa ngenkathi uHulumeni eqala ukusungula imithetho eyanikeza iNkosi yesabelo (Bantustan) igunya phezu kwamandla okudabuka eSilo okushaya uMthetho."

Kangikukholwa..../5

Kangikukholwa lokhu engikufundayo nxa ngifunda lamazwi. Kwakukhona iminyaka yobudlelwane yobuhle ngenkathi uMntwana Omkhulu ethatha isihlalo sakhe eMkhandlwini Oshayumthetho esebenza nathi sonke ukulwa nobandlululo kulenkundla. Kunezikhathi eziningi lapho uMntwana Omkhulu ayesukuma khona eMkhandlwini athembise ukuthembeka kwakhe eMkhandlwini nakuHulumeni WaKwaZulu. Konke lokhu kuqoshwe phansi.

Ukuba uMntwana OMkhulu asuke manje ethule uMkhandlu WaKwaZulu Oshayumthetho njengohlobo oluthile lwento eyisigcanakazana esidla amandla eNgonyama kuyinto edida ingqondo. Kusobala ukuthi uMntwana Omkhulu akawuqondi umlando nokuthi umlando usuwenze kanjani uMndeni waseNdlunkulu ukuba uhambisane nesikhathi. Iqhaza elibanjwe yiSilo liyiqhaza eladaleka ngenkathi uyisemkhulu weSilo iNgonyama uSolomoni ezihlela ukuba isikhundla sakhe siqondane nomlando omusha ngasekuqaleni kwalelikhulu leminyaka esiliphetheyo. Liyiqhaza noyise weSilo, iNgonyama u-Cyprian alekelelayo naye ukulihlela. Uyise weSilo, noyisemkhulu kanye nokhokho weSilo, iNgonyama uDinuzulu, babengenawo amandla okushaya umthetho ngakho iNgonyama, njengoyise noyisemkhulu nokhokho wayo ngaphambi kwayo, babusa phezu kwesisekelo esibanzi sokushiswa komzabalazo wenkululeko yomuntu oMnyama.

Kulomzabalazo, umbusazwe wabantu abaMnyama usuzamile ukwenza uhlelo lweNingizimu ne-Afrika lwePhalamende yentando yabantu lube yinto esemthethweni ngokungenisa abantu abaMnyama kulo njengezakhamizi ezikhululekileyo nezilinganayo. ISilo siyawuseka lowomzabalazo ngakho njengoyise ngaphambi kwaso, iSilo kasizithungatheli wona amagunya aqondene naso okushaya umthetho.

Ngale kokuphuka umoya engikuzwayo okudalwa yilendaba ephume ku-The Guardian, kukhona nokwephuka umoya ngenxa yeNkosana yoMntwana Omkhulu esihlanganyela ne-UDF ne-COSATU ekufuneni ukuba kubhujiswe mina kanye neNkatha. Kukhona ukukhuluma

okuthi mina, Mangosuthu Buthelezi, mina uMengameli weNkatha nami enginguNdunankulu kaZulu yimi engingemuva kwesenzo sobuvaka sokuthungela impahla yoMntwana ngomlilo. Ngisha= qeka ngokupheleleyo. Akekho umuntu oweyengalwa ngaphezu kwami ukugcina indluzula ingaphandle kombusazwe. Akekho osehlaselwe ngaphezu kokuhlaselwa kwami ngenxa yokuba ngenqaba ukungena ekugqolozelaneni ngendluzula. Akekho umuntu osechithwe ngaphezu kwami ngenxa yokuba ngichitha indluzula ngichitha nombusazwe wokusekela indluzula ohlanga= nisa nokubhonculwa kwezikhonkwane zomnotho njengeqhinga.

Ngiphambene nendluzula kangangoba ngihlaselwa ngonya olukhulu ngabantu abanendluzula enkulu ngakho nxa ngiphambene kangaka nendluzula ngisho naphakathi kwabantu engingabaziyo, kufanele ngiphambane kangakanani nendluzula phakathi kwezihlobo zegazi naphakathi kwezihlobo zami zegazi imbala na?

Umlando kufanele uqondise. Kangixabene mina noMntwana Omkhulu. Akakaze axabane nami naye. Akakuphoseli inselelo ukwemukeleka emthethweni koMkhandlu WaKwaZulu Oshayumthetho futhi akakaze akwenze lokho. Wayekhona eMkhandlwini njengomuntu omele iSilo wawushiya uMkhandlu ngenkathi exabana neSilo. Abantu kufanele bawazi amaqiniso. Kufanele bazi ukuthi uMntwana Omkhulu waxabana neSilo ngakho usethungatha ukuzibeka endaweni emsulwa ngokuyohamba eqolosha laphaya ezikhukhumeza phakathi wezitha zaKwaZulu. Uzama ukuzenza ixoxo elikhulu exaphozini elincane, engenalo ngisho kwalelo xhaphozi elincane!

Iphephandaba i-The Weekly Mail nalo libuye lakhipha umlayezo ofanayo nakuba wona wengeza ngeminye imininingwane emibalwa ezinsukwini eziyishumi ngemuva kokuphuma kwendaba ye-The Guardian. Endabeni ye-The Weekly Mail ngaphansi kwesihloko esithi "UMntwana waKwaZulu wesekela i-MDM" ekhishwe ngomhlaka 7 Disemba kuwo lonyaka, i-The Weekly Mail yengeza kulokho okwashiwo yi-The Guardian ngokuthi uMntwana Omkhulu wathi:

"uyabona ukuthi uMkhandlu Oshayumthetho 'uyinqola' yomsha=
yeli wawo kuphela" i-The Weekly Mail ibuye ibeke lamazwi
ayinhlekisa athi "Indawo okumi kuyo uMntwana ikhomba
uqhekeko emikhakheni yaKwaZulu yokubusa futhi ikuphosela
inselelo ukwemukeleka kokubusa kukaMangosuthu Buthelezi
ngokomthetho."

Inkinga izintatheli ezifana no-Moira Levy ezinayo ekubhaleni
ngombusazwe wabantu abaMnyama yikuthi kabawuqondi umbusazwe
wabantu abaMnyama jikelele futhi kabawuqondi kakhulu umbusazwe
waKwaZulu. Ukuqonda umbusazwe waKwaZulu, umlando wawo
wesikhathi esidlule nesikhathi samanje, iNdlunkulu yaKwaZulu
nombusazwe wayo wansukuzonke, kungaphikisana kakhulu nenhle=
kisa yokubeka iphuzu lokuthi uMntwana Omkhulu angakwenza
ngempela ukungiphonsela inselelo. Lokhu kufana nokumenza
inhlekisa ngoba akanalo ngisho nelincane nje ithuba lokungi=
phonsela inselelo mina nxa kukhulunywa ngokombusazwe.
Lokhu kuyinto engenakwenzeka kwakhona nje.

I-Weekly Mail kayikuqondi ukuthi senginesikhathi eside
ngimvikela uMntwana Omkhulu, ukuthi kangixabene naye nokuthi
njengamanje kuneshwa lokuba abe yigende ezandleni zalabo
asebezama ukusebenzisa ubuqili manje ngoba amandla abo
apheleleyo ehlulekile ukuphosela ukwemukeleka kwami ngoko=
mthetho inselelo. I-Weekly Mail ikhuluma ngoMntwana Omkhulu
lapho ethi khona kunabaholi " abenza sengathi benza into
ethile obala, ngenkathi benza enye into ngasese" labo
baholi ababeka icala lokukhuluma ngolimi olumbhaxa-mbili."

I-ANC nabayimeleyo i-UDF/COSATU bazithola ngehlazo ngokuze=
hlisa isithunzi bayosebenzisa umuntu ofana noMntwana Omkhulu
ukuphimisa imilayezo yabo ngomlomo wakhe. Yuhlelo lwabo
lokudala uqhekeko lolu oluphinyiswa nguMntwana Omkhulu manje.
Ukukhuluma ngolimi olumbaxa-mbili lokhu okwenzekayo yikukhuluma
kwakhe uMntwana Omkhulu osesho into eyodwa kepha eqinisweni
abe q eqonde enye into, futhi selokhu kwathi nhlo usho enye into.

engikubikezelayo...../8

Engikubikezelayo yikuthi uMndeni waseNdlunkulu uzoqondana nesimo ukhombise ukuthi banabo ubuhlakani obudala bukaZulu bokuhlanganisa lokho izitha zikaZulu ezizama ukukuhlakaza. UMndeni waseNdlunkulu yaKwaZulu wakwenza lokhu ngisho nangemuva kokuba amandla apheleleyo eNgilandi esekele yonke into eyayinokwenziwa ukuqhekeza nokubhidliza uMndeni wase= Ndlunkulu. UHulumeni wamaNgisi okwabuye kwalandela noHulumeni wokuqala waseNingizimu ne-Afrika bagquma aMakhosi aKwaZulu emajele nasekudingisweni kepha ngisho nangenkathi aMakhosi aKwaZulu engekho ukuba abambe izandla zezihlobo, uMndeni waseNdlunkulu yaKwaZulu wakhombisa ikhono eleneleyo loku= bhekana nesimo kawavuma ukubhidlizwa.

Isihlalo soMntwana Omkhulu eMndenini waseNdlunkulu sisele sodwa kasinamuntu. Kakukho ukuchema, kalukho uqhekeko eMndenini waseNdlunkulu futhi iSilo sihleka kanye nami nxa kukhulunywa ngoqhekeko phakathi kwaso nami.

--------------